2026 Explaining the Budget Framework

25 February #Budget2026

ISIZULU FACT SHEET

BUDGET

# SIYINI ISABELOZIMALI?

Isabelozimali uhlelo olunemininingwane oluqondisa indlela uhulumeni aqoqa futhi asebenzise ngayo imali ukusekela izinhloso ngqangi zikazwelonke njengemfundo, ukunakekelwa kwezempilo kanye nezingqalasizinda.

## ISABELOZIMALI SISEKELWE EZINSIKENI EZINE EZIBALULEKILE:

### 1. ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YESABELO-ZIMALI SESIKHATHI ESIMAPHAKATHI (I-MTBPS)

Esibeka izinhlosongqangi zikahulumeni.

### 2. UHLAKA LWESIKHATHI ESIMAPHAKATHI LOKUSEBENZISA IMALI (I-MTEF)

Oluhlela ukusetshenziswa kwemali eminyakeni emithathu ezayo.

### 3. UHLAKA LWEZIMALI

Olukhombisa imali engenayo kanye nezindleko ezilindelekile.

### 4. UPHIKO LWEZIMALI EZINGENAYO

Olusabalalisa izimali phakathi kukahulumeni kazwelonke, wezifundazwe kanye nowasekhaya.

### 5. UHLELO LOKUTHUTHUKA KWESIKHATHI ESIMA-PHAKATHI (I-MTDP)

Lonyaka we-2024–2029, uhlaka olubalulekile lwecebo laseNingizimu Afrika lokuhlela kukahulumeni, ukwenziwa kwesabelozimali, kanye nokuqaliswa, oluhlose ukuqhubekisela phambili iNhlosombono Yohlelo Lukazwelonke Lentuthuko (i-NDP) lonyaka we-2030.

### 6. UHLELO LUKAZWELONKE LENTUTHUKO (I-NDP)

Lusekelwe ezinsikeni eziyisithupha ezimele izinhloso ezibanzi zohlelo lokuqeda ubumpofu nokunciphisa ukungalingani



national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

A NATION THAT WORKS FOR ALL

2030 NDP

# INDLELA ISABELOMALI ESISEBENZA NGAYO

Isabelomali sikazwelonke siwumhlahlandlela wezezimali waseNingizimu Afrika, ukuqinisekisa ukuthi izimali zisetshenziswa ngempumelelo ekuthuthukiseni. Silinganisa imali engenayo kanye nezindleko ngokuhlela ngokucophelela, ukubikezela, isichibiyelo esisuselwe ezimweni zomnotho nezinto ezibhekelelwe kakhulu. **Nansi indlela esisebenza ngayo:**

## 1. UKUBIKEZELA UMNOTHO

Ochwepheshe babikezela ukukhula komnotho, ukukhuphuka kwamanani entengo, kanye nemali engenayo yentela ukuze bahlele ukusetshenziswa kwezimali.

Lezi zibikezelo zisiza ukuqinisekisa ukuthi iSabelozimali sinobuqiniso futhi sizinzile

## 2. UKUTHEKELA IZIMALI ZESABELOZIMALI

Intela (njenge-VAT, intela yengenisomali, kanye nentela yenkampani).

Enye imali engenayo (intela yezimpahla, amalevi, kanye nezinhlawulo).

Ukuboleka (uma kudingeka).

## 3. INDLELA ESETSHENZISWA NGAYO IMALI

Izimali zihlukaniswe izigaba ezintathu: Uhulumeni kazwelonke, wesifundazwe, kanye nowasekhaya.

Ingxenye yesabelozimali ibekelwe eceleni njengesabelo-mali sezehlakalo ezingalindelekile (isib. izinhlekelele zemvelo).

# UBANI ONQUMA UKWABIWA KWESABELOZIMALI?

Isabelozimali siwumzamo ohlanganyelwe, owakhiwe yiminyango kahulumeni ukuqinisekisa ukusetshenziswa kwemali ngendlela efanele nephumelelayo. Sidlula ezigabeni eziningi zokubuyekezwa nokwamukelwa ngaphambi kokuba sibe ngumthetho.

## 1. ABAHOLI BAMAQEMBU OMSEBENZI

Benza izincomo eKomidini Lobuchwepheshe ngesabelomali bese benza izincomo ku-MINCOMBUD (iKomidi LoNgqongqoshe Lesabelozimali), elifaka isandla eziphakamisweni zesabelozimali. Imibono iyahlanganiswa bese kubhalwa isabelozimali.

## 2. UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI

Wethula iNkulumo Yesabelozimali ngoFebhuwari, echaza izinhloso ngqangi zikahulumeni, izinqubomgomo zentela, kanye nezinhlelo zeminyaka emithathu ezayo zokusebenzisa imali.

## 3. IPHALAMENDE KANYE NEEHHOVISI LOMGCINIMAFA

Bahlaziya futhi bathuthukise iziphakamiso, baqinisekise ukuthi izimali zabiwe kahle ukuhlangabezana nezidingo zikazwe-lonke ngenkathi begcina umthwalo wemfanelo wezezimali.

## 4. UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Wezakhamuzi, amaqembu omphakathi, kanye nabameleli bamabhizinisi kunga-nikeza impendulo ngokusebenzisa imihlangano yomphakathi kanye nokubonisana, okusiza ekwakheni izinqumo zesabelozimali.

## 5. UMONGAMELI

Unikeza ukwamukela kokugcina ngokusayina iSabelozimali sibe ngumthetho ngemuva kokuba iPhalamende selixoxile futhi lasivotela. Lokhu kuqinisekisa ubusobala kanye nokuziphendulela endleleni izimali zomphakathi ezisetshenziswa ngayo.

2026 BUDGET

Explaining the Budget Framework

25 February
#Budget2026

# KUNGANI ISABELOMALI SIBALULEKILE KUWE?

Isabelozimali sithinta wonke umuntu, siqondisa ukusetshenziswa kwezimali zomphakathi ezinsizeni, kwizingqalasizinda, kanye nokukhula komnotho ukuze kube nekusasa elingcono kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

**1.** Ukwabiwa kwesabelozimali kusiza ekuthuthukiseni izikole, izibhedlela kanye nezingqalasizinda.

**2.** Isabelozimali siqinisekisa ukuthi ukusetshenziswa kwezimali nguhulumeni kulungile futhi kusobala.

**3.** Isabelozimali sivumela izakhamuzi ukuthi zilandelele ukuthi intela yazo iya kuphi.

## UNGAXHUMANA KANJANI NOLWAZI LWESABELOZIMALI?

I-Vulekamali iyisizinda sesabelomali sikahulumeni esiku-inthanethi yaseNingizimu Afrika — isizinda esivumela noma ubani ukuthi ahlole, aqonde, futhi acugungule ulwazi lwesabelomali sikahulumeni. Yaklanywa yiHhovisi Likazwelonke Lomgcinimafa enabalingani bomphakathi ukwenza umnininingo wesabelomali ube sobala futhi ufinyeleleke emphakathini.

**Zijwayeze lesi sizinda, CHOFOZA LAPHA noma skena iQR code.**



https://vulekamali.gov.za/ | vulekamali SA Online Budget Data

UNgqongqoshe Wezezimali,uMnu. Enoch Godongwana, wethula **iSabelozimali sonyaka ka 2026 ngoLwesithathu, mhla zingama-25 uNhlonjana 2026.**

**Buka bukhoma ku-Treasury's X/Twitter, YouTube nakwezinye iziteshi ezinkulu zezindaba.**

